# GOVERNMENT NOTICES • GOEWERMENTSKENNISGEWINGS

**DEPARTMENT OF SOCIAL DEVELOPMENT**

**NO. R. 4466** **25 March 2024**

**SOCIAL ASSISTANCE ACT, 2004 (ACT NO. 13 OF 2004) AS AMENDED**

**AMENDMENT REGULATIONS RELATING TO COVID-19 SOCIAL RELIEF OF DISTRESS**

I, Lindiwe Zulu, the Minister for Social Development, made, in terms of section 32(1) and (2), read with section 13 of the Social Assistance Act, 2004 (Act No.13 of 2004), the Regulations as set out in the Schedule.



**L ZULU (MP)**
**MINISTER OF SOCIAL DEVELOPMENT**
**DATE: 22/03/2024**

**UMNYANGO WOKUTHUTHUKISWA KOMPHAKATHI**

**No. R. 2024**

**UMTHETHO WOSIZO LWEZENHLALAKAHLE WONYAKA WE-2004 (UMTHETHO WE-13 WONYAKA WE-2004), NJENGOBA UCHITSHIYELWE**

**IZIMISO EZICHIBIYELAYO EZIPHATHELENE NOSIZO LWEZENHLALAKAHLE LWE-COVID-19**

Mina, Lindiwe Zulu, uNgqongqoshe obhekele ukuThuthukiswa Komphakathi, ngokweSahluko sama-32(1) nese-(2), esifundwa nesahluko se-13 soMthetho Wosizo Lwezenhlalakahle wonyaka we-2004 (uMthetho we-13 wonyaka we-2004) ngihlose ukwenza izichibiyelo kwiZimiso eziphathelene noSizo Lwezenhlakahle Lwe-covid-19 njengoba zishiwo kuSheduli.

**L ZULU (u-MP)**
**UNGQONGQOSHE WOKUTHUTHUKISWA KOMPHAKATHI**
**USUKU: 22/03/2024**

**SCHEDULE**

**GENERAL EXPLANATORY NOTE**

**[ ]** Words in bold type in square brackets indicate omissions from existing enactments.

______ Words underlined with a solid line indicate insertions in existing enactments.

**Definition**

1. In these regulations, "Regulations" means the Regulations relating to Covid-19 Social Relief of Distress published in the Government Notice No. R. 2042 of 22 April 2022, as amended by Government Notice No. R. 2381 of 16 August 2022, and Government Notice No. R. 3210 of 29 March 2023.

**Amendment of Regulation 5 of Regulations**

**2.** Regulation 5 of the Regulations is hereby amended by the substitution for sub-regulations (1) and (3) of the following sub-regulations respectively:

"(1) The monthly amount of the COVID-19 Social Relief of Distress is **[R350]** R370 per person and is payable for the months in the period 1 April **[2023]** 2024 to 31 March **[2024]** 2025"; and

"(3) The payments in terms of these Regulations-

(a) are limited to the amount appropriated for the **[2023/2024]** 2024/2025 financial year to the vote of Social Development for social relief of distress; and (b) may only be made in respect of applications, made during the period 1 April 2022 to 31 March **[2024]** 2025, and approved by the Agency.".

**Insertion of regulations 6A, 6B and 6C in Regulations**

**3.** The following Regulations are hereby inserted after Regulation 6.

**"6A Recovery and uncollected benefits**

(1) The Agency may recover all monies paid to any person in the event that such a person was not entitled to benefit from the COVID-19 Social Relief of Distress.

(2) A person whose application was approved but was not paid because he or she was not traceable or did not contact the Agency to update his or her personal details, including payment details, within 90 days of being notified to do so through any electronic means of communication, including the last known mobile number in possession of the Agency, the application may be suspended."

(3) The applicant who has not responded to the communication of the Agency as contemplated in subregulation (2) must be given another 90 days to respond before the application is cancelled and the money is forfeited to the State.

(4) It is the responsibility of the applicant to ensure that the Agency has his or her current mobile number and the Agency bears no liability for any communication sent to an incorrect mobile number provided by the applicant.

(5) The applicant must ensure that the Agency has his or her correct banking details to enable bank verification and payment.

**6B Death of COVID-19 Social Relief of Distress beneficiary**

COVID-19 Social Relief of Distress grant will lapse on the last day of the month in which the beneficiary died.

**6C Transitional provision**

To ensure uninterrupted assessments and payments made during the transition between the Regulations published on 29 March 2023 under Notice No: and these Amendment Regulations, the Agency may use data used during the March 2024 assessment cycle, in terms of regulation 2, for continued assessments of clients up to 31 May 2024.".

**Short title and Commencement**

**4.** These Regulations are called the Amendment Regulations Relating to COVID-19 Social Relief of Distress, 2024 and come into operation on 01 April 2024 by publication of the Notice in the *Gazette*.

## ISHEDULI

**INCAZELO EJWAYELEKILE**

[ ] Amagama abhalwe ngokugqamile kubakaki abayisikwele abonisa okushiywe ngaphandle emthethweni ovele ukhona.

______ Amagama adwetshelwe ngomugqa oqinile abonisa okufakiwe emthethweni ovele ukhona.

**Incazelo**

1. Kulezi zimiso, "iZimiso" zisho iZimiso eziphathelene nosizo lwezenhlalakahle lwe-covid-19 ezishicilelwe kwiSaziso Sikahulumeni Esingunombolo R. 2042 somhla zi-22 Ephreli 2022, njengoba zichitshiyelwe ngeSaziso Sikahulumeni Esingunombolo R. 2381 somhla zi-16 Agasti 2022, kanye neSaziso Sikahulumeni Esingunombolo R. 3210 somhla zi-29 Mashi 2023.

**Ukuchitshiyelwa kwesiMiso sesi-5 seZimiso**

**2.** ISimiso sesi-5 seZimiso lapha siyachitshiyelwa ngokufaka esikhundleni sesimiswan soku-(1) kanye nesesi-(3) salezi zimiswana ezilandelayo:

"(1) Inani lemali yanyanga zonke zoSizo Lwezenhlalakahle lwe-COVID-19 ingama-**[R350]** R370 umuntu ngamunye futhi ikhokhelwa izinyanga ezisukela mhla lu-1 Ephreli **[2023]** 2024 ukuya zingama-31 Mashi **[2024]** 2025".

"(3) Inkokhelo ngokwalezi Zimiso-

(a) ziphelela enanini lemali eyabelwe unyakazimali we-**[2023/2024]** 2024/2025 mayelana nokuThuthukiswa Komphakathi ngosizo lomphakathi; futhi (b) zingakhokhwa kuphela mayelana nezicelo, ezenziwe ngesikhathi esimaphakathi komhla lu-1 Ephreli 2022 ukuya mhla zingama-31 Mashi **[2024]** 2025 , futhi ezamukelwe yisiKhungo".

**Ukufakwa kwesimiso sesi-6A no-6C kuZimiso**

**3.** Lezi Zimiso ezilandelayo lapha zifakwa ngemuva kweSimiso sesi-6.

**"<u>6A Ukubuyisa kanye nemihlomula engaqoqwanga</u>**

(1) IsiKhungo singahle sibuyise zonke izimali ezikhokhelwe nanoma yimuphi umuntu esimweni lapho lowo muntu ebengenalo ilungelo lokuhlomula oSizweni Lwezenhlalakahle lwe-COVID-19 .

(2) Umuntu osicelo sakhe savunywa kodwa sangakhokhelwa ngenxa yokuthi ubengalandeleki noma akaxhumananga nesiKhungo ukuze kubuyekezwe imininingwane yakhe, okubandakanya imininingwane yokukhokha, kungakapheli izinsuku ezingama-90 azisiwe ukwenza lokho nganoma iyiphi indlela ye-elekhthronikhi yokuxhumana, okubandakanya nenombolo yokugcina eyaziwayo esezandleni zesiKhungo, isicelo singamiswa."

(3) Umfakisicelo ongakaphenduli ekuxhumaneni kwesiKhungo njengoba kuhlongozwe kwisimswana sesi-(2) ufanele anikezwe ezinye izinsuku ezingama-90 ukuba aphendule ngaphambi kokuba isicelo sichithwe futhi imali idliwe uMbuso.

(4) Kungumsebenzi womfakisicelo ukuqinisekisa ukuthi isiKhungo sinenombolo yakhe yamanje kamakhalekhukhwini futhi isiKhungo singeke sathweswa icala ngemiyalezo ethunyelwe enombolweni kamakhalekhukhwini okungeyona.

(5) Umfakisicelo ufanele aqinisekise ukuthi isiKhungo sinemininingwane yakhe yasebhange efanele ukuze sikwazi ukuqinisekisa nebhange futhi sikhokhe.

**6B Ukushona kohlomula kwiBonelelo Sosizo Lwezenhlalakahle lwe-Covid-19**

Isibonelelo soSizo Lwezenhlalakahle lwe-COVID-19 sizoyeka ukukhokha ngosuku lokugcina lwenyanga lowo ohlomulayo ashone ngayo.

**6C Umbandela wesikhashana**

Ukuqinisekisa ukuhlolwa nezinkokhelo ezingaphazamiseki ezashicilelwa ngesikhathi soshintsho oluphakathi kweZimiso zomhla zi-29 Mashi 2023 ngeSaziso esingunombolo: kanye nalezi Zimiso, isiKhungo singasebenzisa umnininingo osetshenziswe ngoMashi 2023, ngomjikelezo wokuhlola, ngokwesimiso sesi-2, ukuze kuqhutshekwe nokuhlolwa kwamaklayenti kuze kufike umhla zi-31 Meyi 2024.".

**Isihloko Esifushane Nokuqala**

**4.** Lezi Zimiso zibizwa ngeZimiso Ezichitshiyelwe ezihlobene Nosizo Lwezenhlalakahle lwe-COVID-19 zonyaka we-2024 futhi zizoqala ukusebenza mhla lu-01 Ephreli 2024 ngokushicilelwa kwalesi Saziso kwiGazethi.